



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**LWEZI 2022**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi angama-32.**

**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.
2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqokethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Izinkondlo	(30)
ISIQEPHU B: Inoveli/Ubuciko bomlomo	(25)
ISIQEPHU C: Umdlalo	(25)

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO  
IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI.  
INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO  
Phendula umbuzo OWODWA.

ISIQEPHU C: UMDLALO  
Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO).

- Phendula KUPHELA umbuzo wenoveli/ubuciko bomlomo kanye nomdlalo owufundile.
- Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO

- Impendulo yombuzo omude ezinkondlweni mayibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
- Izimpendulo zemibuzo emide enovelini/ebucikweni bomlomo kanye nasemdlalweni mazibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
- Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphenndule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi bangathemelezi kodwa baphendule okubuziwe.

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.
8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.
9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.
10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:  
ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40  
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55  
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55
11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

**OKUQUKETHWE**

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

<b>ISIQEPHU A: IZINKONDLO</b>			
<b>Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.</b>			
<b>INOMBOLO YOMBUZO</b>	<b>UMBUZO</b>	<b>AMAMAKI</b>	<b>INOMBOLO YEKHASI</b>
1. 'KwaNdongaziyaduma'	Umbuzo omude	10	6
2. 'Izibongo zikaKufakwezwe'	Umbuzo omfushane	10	8
3. 'Nyuvesi yaKwaZulu'	Umbuzo omfushane	10	10
4. 'Nkosi sikelel' i-Afrika	Umbuzo omfushane	10	12
<b>KANYE</b>			
<b>Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.</b>			
5. 'Alele amaQhawe'	Umbuzo omfushane	10	14
<b>QAPHELA:</b> Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye nowodwa ESIQESHINI C.			
<b>ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO</b>			
<b>INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.</b>			
6. <i>Bengithi Lizokuna</i>	Umbuzo omude	25	15
7. <i>Bengithi Lizokuna</i>	Umbuzo omfushane	25	15
8. <i>Usumenyazelwe-ke Umcebo</i>	Umbuzo omude	25	17
9. <i>Usumenyazelwe-ke Umcebo</i>	Umbuzo omfushane	25	17
10. <i>Kunjalo-ke</i>	Umbuzo omude	25	19
11. <i>Kunjalo-ke</i>	Umbuzo omfushane	25	19
12. <i>Impi Yabomdabu Isethunjini</i>	Umbuzo omude	25	21
13. <i>Impi Yabomdabu Isethunjini</i>	Umbuzo omfushane	25	21
<b>NOMA</b>			
<b>UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kolobu buciko bomlomo obumiselwe.</b>			
14. <i>Uju Lwezizukulwane</i>	Umbuzo omude	25	23
15. <i>Uju Lwezizukulwane</i>	Umbuzo omfushane	25	23
<b>ISIQEPHU C: UMDLALO</b>			
<b>Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.</b>			
16. <i>Kudela Owaziyo</i>	Umbuzo omude	25	26
17. <i>Kudela Owaziyo</i>	Umbuzo omfushane	25	26
18. <i>Awuwelwa UMngeni</i>	Umbuzo omude	25	28
19. <i>Awuwelwa UMngeni</i>	Umbuzo omfushane	25	28
20. <i>Ubhuku Lwamanqe</i>	Umbuzo omude	29	30
21. <i>Ubhuku Lwamanqe</i>	Umbuzo omfushane	29	30

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emifushane.

**Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.**

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

ISIQEPHU	INOMBOLO YEMIBUZO	INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE	THIKA
A: IZINKONDLO (Ezimiselwe)	1–4	2	
A: INKONDLO (Engamiselwe)	5	1	
B: INOVELI (Umbuzo omude NOMA omfushane)	6–13	1	
B: UBUCIKO BOMLOMO (Umbuzo omude NOMA omfushane)	14–15	1	
C: UMDLALO (Umbuzo omude NOMA omfushane)	16–21	1	

**QAPHELA:** ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.

ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezi zinhlobo zemibhalo.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO****IZINKONDLO EZIMISELWE**

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

**UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**KWANDONGAZIYADUMA – EJ Mhlanga**

1 Zijiyile ezixoxwa namuhla,  
2 Zinohlonze lezi engizizwayo,  
3 Zizwakala samthomb' ugobhoza,  
4 Yimuphi lowo mthomb' engiwuzwayo,  
5 Othombulul' izingqotho ezinginqalile,  
6 Uthombulul' amaketang' angiqalangile?  
7 Mthombo wakwaNdongaziyaduma gobhoza.

8 Sewazisul' izinyembezi,  
9 Ebezizikhunge ethala lesizwe,  
10 Yeka lezo zinsizwa zamaqhawe,  
11 Ezasal' emaqeleni kwaNgcedomhlophe,  
12 Zingabonaze zaphunyuzwa,  
13 Nalezo zicoc' ezomela phansi,  
14 Zingabonaze zaganwa,  
15 Zizam' ukubuyis' isizoth,  
16 Sezigodlo zikaZulu,  
17 Zinxanel' udumo nezibongo.

18 Ubuthe leyo mikhonto,  
19 Wayiphons' ethala yagqwala,  
20 Izintombi nezinsizwa zosapho,  
21 Wazibuthela kwesakh' isigodlo,  
22 Yonk' imiqondo wayihlohl' ikhwezi,  
23 Waba yinkundl' egiyel' amaqhawe,  
24 Ezidla ubhedu lakwaNgqondonkulu,  
25 Kunamuhla ziqholosh' isiqholoshakade,  
26 Zikhulum' ulim' oludeph' ulwandle.

27 Namuhla siphezu kwamabilidi,  
28 Izinganaw' ezikhoth' amayezi phezulu,  
29 Sinanel' ilanga nobuhle balo,  
30 Sinanel' inkanyezi nobuhle bazo,  
31 Konke sikubuka ngeso lokukhanya,  
32 Sibong' ukusichathazela kwelakho,  
33 Usicakulel' usikisiki olufak' ugqozi,  
34 Usihlomis' idlingozi lokulubalubel'  
35 Ukuqoph' intaba yakwaNgcebonkulu,

36 Laph' usizo lomuntu lukhona.  
37 Noma sisalind' ukuvuleka,  
38 Kwalezo zicabha zesigodlo,  
39 Lapho zonk' izandla ziyogcwala,  
40 Zigcwalis' izinqolobane zesizwe,  
41 Lwaze lwamnandi ubisi,  
42 Lwezinkomazi zakho,  
43 Ezimabelemad' okwensengwakazi,  
44 Yezibaya zasendulo,  
45 Okungath' ungantshinga naleyo mikhonto,  
46 Esagcwel' igazi nehlule,  
47 Ilanga liqhakaz' ukuqhakaza,  
48 Sithakasel' ukuba munye,  
49 Esigodlweni kwaNdongaziyaduma.

Xoxa ngekhono lembongi lokwethula isigqi sale nkondlo.

Impendulo yakho mayibe yi-esezi ehleleke kahle ibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240.

[10]

**UMBUZO 2: UMBUZO OMFUSHANE**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**IZIBONGO ZIKAKUFAKWEZWE – MSS Gcumisa****(Umnewethu inkosi yakwaGcumisa engasekho)**

- 1 Ingqungqulu eyabhul' amaphiko
- 2 Phezu komuzi esangwen' eTsheni
- 3 Zonk' izinyoni zakhothamis' amakhanda.
- 4 Ngimthande ebagax' izinsimbi nanxa
- 5 Sebecel' intethelelo.
- 6 Ingulule egijime yeqa izintaba
- 7 Abesifazane nezingane bapheza
- 8 Ukulal' ezintabeni,
- 9 Kwanqamuka nengelezane
- 10 Yokugeleza kwegazi ezweni.
  
- 11 Ithole, elikaLubanjane, elikaSigobhe,
- 12 ElikaManyosi, elikaSalimani,
- 13 ElikaMahlomelathini njengohlanya,
- 14 Elikhale phezu komfula uMqeku,
- 15 Kwakhuphuk' indlezane yakoMapholoba
- 16 Emalangeneni yalilabalabela.
- 17 Kanti izoliphahlaza ngelinomantshu
- 18 Izolibhakela ngenselw' enodaka.
  
- 19 Indaba eyenziwe abafokazana nezinduna,
- 20 Inkosi abaze bayikhombisa inxeba,
- 21 Yathi iyalihlaba kanti isiyaphimpiliza.
- 22 Isibeka luphawu lwesibazi,
- 23 Esingaseyuphela sishabalale,
- 24 Kazi nxa amaliba angaqhibuka namuhla
- 25 Baphume oMbabal' egweb' igijima,
- 26 NoNomadlikidlikana bangathini?
- 27 Nxa sebeqhamuk' elab' izwe
- 28 Seliziduliduli okungath' ezemihlwa
- 29 Okuthunqa kuzo intuthu,
- 30 Lapho kwashabalala khona
- 31 Awabo amahlathi ayengashunqi ntuthu.
  
- 32 Ukufakwezwe abamethe igama kanti uzolilandela,
- 33 Bath' ukufakwezwe izwe life ngaye kungabi ndaba zalutho.
- 34 Umvuli wezicabh' esengaphakathi
- 35 Wakhab' onobhadul' esengaphakathi
- 36 Zivalwe amadod' amabili phesheya kweNgoje
- 37 Enye eyakwaMgwaz' eMthini emide,
- 38 Enye eyakwaLuthuli eMathulini.
- 39 UMadondolozela: ngentong' encane
- 40 Kwezakwabo ekhohlwa
- 41 Ngob' udondolozela ngomfowabo uMlindeli.



- 2.1 Gagula indikimba etholakala kule nkondlo. (1)
- 2.2 Xoxa kafushane ngomqondo oqukethwe yile nkondlo. (3)
- 2.3 Chaza ngokusetshenziswa kwe-enjambamenti emgqeni wama-27 kuya kowama-29. (2)
- 2.4 Chaza umoya oqukethwe umugqa wama-34 kuya kowama-37. (2)
- 2.5 Phawula ngekhono lembongi lokukhethwa kwamagama anothile atholakala emgqeni wama-39 kuya kowama-41. (2)
- [10]**

**UMBUZO 3: UMBUZO OMFUSHANE**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**NYUVESI YAKWAZULU – LF Mathenjwa**

- 1 INgqungqul' eshay' amaphiko phezu koMhlathuze
- 2 UMhlathuze wakhophoza
- 3 Ukhozi oluvul' amaziphokazi ezintabeni zoNgoye,
- 4 UNgoye lwesaba nokulwehlela
- 5 Ubhakubha olungezindlu zinde zishay' ezulwini
- 6 Inkunz' egweba ngepensela ezinye zigweba ngophondo
- 7 Indab' engiyizwe ngimncane ngakhula ngayibona ngamehlo.
  
- 8 Umzondo abawunyathele KwaZulu ukunuka kwezwakala eXhoseni
- 9 Kuze kwasa abeSuthu kwaMshweshwe beqaqanjelwa amakhanda
- 10 Ilangab' elihangul' izikhotha zase-Afrika kwasha amabibi phesheya
- 11 Ngikhuluma namuhla o-Cambridge no-Oxford abawuval' umlomo
- 12 O-Fort Hare no-Turfloop bakhwacel'
- 13 Imisidlan' okwengcanga ibon' ikhonde.
  
- 14 Gobhoza njalo mfula wolwazi uphuzis' i-Afrika
- 15 Ngifike isisu simboqo ngaphuma sesimapaklazana
- 16 Ngeswele ezinkulungwane ngangihuba ngikuhayeke sibani soluntu
- 17 Izinkulungwane ezidlula kuwe aziwuvale chibi lolwazi
- 18 Bayingcosan' abaphuza kuwe kungacimeki ukoma.
  
- 19 Ngitshele mfazindini zingaki ezakho izimbiza?
- 20 Ngibuze kwelamaXhosa bangawuval' umlomo
- 21 KwelikaMabuza kaNgwane uyintokaz' eyisilomo
- 22 AbakoMshweshwe namanje beswel' imilomo
- 23 Uyadel' ophuze kuleso sizib' esinzonzo sakoNolwazi
- 24 Uphuthelwe ongacaphunanga kuleyo mbenge yolwazi.
- 25 Sizib' esimavivane sikaNomfundo noNompumelelo
- 26 Ngibe ngiyakugasela ngashaywa uvalo kwafik'isiyezi
- 27 Ngikubon' unyakazisw' inkanyamb'uNolwazi
- 28 Intengo yezaqheqhe noju lwakho ingilethel' uhlevane
- 29 Ngitshele Nhlalamafini wena wakoNomfundo yini imfihlo yakho?
  
- 30 Eyalo muz' impilo ingamagquma namathafa
- 31 Babodwa abakaNokungcebeleka nabakaNomfundo
- 32 Imini nobusuku kulo muzi kuyazifanela
- 33 Izinkulungwane ziyimisalela yoMhlathuze nama- *Semester*
- 34 Ngomzabalazo kufik' abakwasidlodlo kugcwal' ithafa
- 35 Zigemegegeme zomz' omkhulukazi wasoNgoye.
  
- 36 Ngikuthanda ngokungacwasi ngabala nabuzwe mfazindini
- 37 Angibonaze ngikuzwe uhlung' ubandlulula
- 38 Yonkana eye-Afrika ingabadi izalwa nguwe
- 39 Khul' uzukhokhobe ngqungqulu yakwaNomfundo
- 40 Yima njalo mondli wezimfana nezicebi
- 41 Mana njalo NYUVESI YAKWAZULU.

- 3.1 Gagula indikimba etholakala kule nkondlo. (1)
- 3.2 Xoxa kafushane ngomqondo oqukethwe yile nkondlo. (3)
- 3.3 Chaza ngokusetshenziswa kwesingathekiso esidwetshelwe ebinzeni lesi-2 ukuthi sibe namthelela muni ekuqondeni kwakho umqondo waleli binza. (2)
- 3.4 Chaza umoya equkethwe umugqa we-16 kuya kowe-18. (2)
- 3.5 Hlaziya isigqi esitholakala ebinzeni lesi-6. (2)
- [10]**

**UMBUZO 4: UMBUZO OMFUSHANE**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**'NKOSI SIKELEL' i-AFRIKA' – CT Msimang**

- 1 Bathwele bayasisitheka;
- 2 Ijoka nalo yingcindezi;
- 3 Ezimbukwini bayabisha;
- 4 Udondolo lwabo yithemba,
- 5 Ukholo lwabo luwubhoko,
- 6 'Nkosi sikelel' i-Afrika!
- 7 Inkulu inkolo nethemba,
- 8 Kukhulu nokukhamelela,
- 9 Amakhand' agobodisile
- 10 Okwezimv' ezibala linye,
- 11 Ezingemelane nelanga,
- 12 Ilanga elibuka konke!
- 13 Imilomo iyizigidi,
- 14 Iphimbo labo lona linye,
- 15 Izwi labo lingumqukuthu,
- 16 Abezinhlanga nezilimi
- 17 Bathandaza ngamoya munye
- 18 Nkosi sikelel' i-Afrika!
- 19 Isaho enhlonhlweni yezwe,
- 20 Senanelwa eziqongweni;
- 21 Senanelwa ezigodini;
- 22 Simumethwe nayimifula;
- 23 Sifukulwa nayimimoya;
- 24 Sifukulelwa kuy' indlebe.
- 25 Baphuhle phezu kwendumalo,
- 26 Nanxa ubusuku bubude;
- 27 Balindel' indonsa nekhwezi.
- 28 Nanxa ubusika bubude;
- 29 Balindel' uMfumfu noLwezi:
- 30 'Nkosi sikelel' i-Afrika!
- 31 Bayahlangana behlakazwa;
- 32 Bayehlukana behlangene;
- 33 Bayakhuluzana bemunye;
- 34 Bayahlaselana bemunye;
- 35 Bamemeza ongabonwayo
- 36 Ongabenza babe yimbumba.
- 37 Zoba yisis' izinyembezi,
- 38 Zohwamukela emafini,
- 39 Zoshoqongana zibe yifu,
- 40 Ifu liyophenduk' umvimbi,
- 41 Kumile ithemba elisha,
- 42 Izwakele imithandazo:
- 43 'Nkosi sikelel' i-Afrika!

- 4.1 Gagula indikimba etholakala kule nkondlo. (1)
- 4.2 Xoxa kafushane ngomqondo oqukethwe yile nkondlo. (3)
- 4.3 Ucabanga ukuthi kungani imbongi isebenzise imvumelwano-siqalo emgqeni wama-31 kuya kowama-35? (2)
- 4.4 Ngabe ukukhethwa kwamagama atholakala emgqeni wama-27 kukwelekelele kanjani ukuba uqonde umqondo waleli binza? (2)
- 4.5 Phawula ngokusetshenziswa kwempindwa kule nkondlo. (2)

**[10]****KANYE**

**NENKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)****UMBUZO 5: UMBUZO OMFUSHANE**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ALELE AMAQHAWE – HEA Made**

- 1 Nithi babeyizichwensi yini
- 2 Abamagam' asemlandweni?
- 3 Abadela impilo yabo yabo
- 4 Ngenkolo namazwe akubo?
- 5 Alele lapha amaqhawe;
- 6 Kwangomuso kobe kungawe!
- 7 Ubulukhuni ngobemihla;
- 8 Akuqali ngawe namuhla.
- 9 Ngalezo ntombi nezinsizwa
- 10 Ezazikhonza azakhonzwa
- 11 YisiNtu esingabongiyo,
- 12 Nalo mhlaba ongesuthiyo,
- 13 Ake ucabange ngokunye;
- 14 Ngokubuza ngomhlomunye.

[Imibengo, AT Kheswa no-ETZ Mthiyane]

- 5.1 Shono ukuthi le nkondlo iwuhlobo luni. Sekela impendulo yakho. (2)
  - 5.2 Xoxa kafushane ngomqondo oqukethwe umugqa wesi-1 kuya kowesi-4. (2)
  - 5.3 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa izimpawu zokuloba kule nkondlo? (2)
  - 5.4 Chaza ngokusetshenziswa kwemvumelwano emgqeni we-11 kuya kowe-12. (2)
  - 5.5 Hlaziya ukusetshenziswa kwesifenqo esitholakala emgqeni we-12. (2)
- [10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo engezansi.

**INOVELI**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 6: UMBUZO OMUDE****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekwethuleni isizinda senoveli ethi: *Bengithi Lizokuna*.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

**[25]****UMBUZO 7: UMBUZO OMFUSHANE****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA A**

Wavele wajama phambi kwakhe uNdumiso wavimba indlela. Akagcinanga ngokujama endleleni kodwa wabuye wadedela nemvula yezibhakela ezamthola engazelele uXolani, wadiyazela. Akakwazanga nokuvika ngoba wayephethe kabi. Kwaba sengathi kuyamjabulisa lokhu uNdumiso, wazithela zalandelana ngamawala izibhakela.

'Uyifunani intombi yami?' esho emdikadika ngequpha. Kwawa izimpahla manje kuXolani, iwayini laphihlizeleka esandleni ngenkathi ethi uyavika, lambhunyela umzimba wonke, nokwenza efake isikibha esimhlophe. Ne-pizza kayizithambisanga yavele yavuleka, yathi bukululu emzimbeni ishisa injalo. 5

'Uyifunani intombi yami?' wayelokhu ebuzile uNdumiso eqhubeka nokumnxanxatha ngesibhakela uXolani owayesopha manje. Wake wazama bandla ukulwa ngenkathi sezikhululekile izandla zingasaphethe lutho. Kwasho nokho ukuthi isiminingi iminyaka agcina ukulwa, yasina yazibethela ewuNdumiso, yaqinisa kuleli so elase lopho. Kwaze kwaba sengathi uyamxolela ngenkathi sekukhona abamemezayo ngaphesheya. 10

'Myeke bandla, kawuboni yini ukuthi akakwazi ukulwa?' Nebala kwaba sengathi liyamdambisa lelo ekuthukutheleni uNdumiso. 15

'Uyosindela bona laba abathe kangikuxolele,' esho emvalelisa ngodalimede wesibhakela owamgqimuza kwaqhasha izinkanyezi uXolani, wayothi dakla ngezinqe phansi.

'Ngelinye ilanga ngiyovele ngikuhlabe ngenhlamvu,' esho eshingila emshiya kanjalo uXolani efinya igazi elase liza ngamawala. Wazama ukuvuka, wadiyazela, wazama futhi, kwazameka, watabuzela ezama ukuqhubeka nokuhamba. 20

'Ha, kanti kawudelanga, usaqhubeka nokuya kule ntombi yami engikukhuza kuyo?' kusho uNdumiso ebuya esefinqile, ekhomba ngomunwe.

'Bamba oze ngayo. Kengiphinde nje ngikubone lapha!' egcizelela ngokuqhubulula inhlamba. 25

Akadinganga kuphindelwa uXolani ngokuthi akabambe aze ngayo. Wagxawuzela ngamawala eseqonde emotweni yakhe. Wayidumisa ngewala, yasuka kwakhala amathaya. Nasendleleni yayilokhu igijime njalo, ewajomba ewajombile amarobhothi amanye ayengasawaboni nakahle ngenxa yeso elase livuvukale layintaba ngomzuzwana nje. Kayisaphathwa-ke eyegazi, kwase kubomvu imoto. Wafika kwakhe engasafisi lutho. Akabange esayipaka nemoto, akabange esayikhiya nokuyikhiya. Empeleni wehla ingakami nakahle nje, wahlaba ngejubane eseqonde endlini. Wathwala izandla ekhanda umkakhe.	30
'Yini Xolani, kwenzenjani?' Ebuza ehlahle amehlo.	35
'Ngi ...' yankwankwaza indoda. Phela endleleni akukho su ayelicabangile lamanga ayezowaqamba kumkakhe.	
'Yini, kwenzenjani?' emphinqela amehlo.	
'Hhayi, yindaba ende,' esho ngomunyu esula igazi ngesikibha esase simfoma mfo ngenxa yegazi sekubonakale kancane nje ukuthi besinombala omhlophe.	40
'Hhayi, kuyozwakala,' kubalisa umkakhe, eqonda e- <i>bathroom</i> eyobheka izinto zokusiza umyeni wakhe owayeseyisimungulu nje elokhu ehfuzelela phezulu engundaza ephimisa igazi elalingamnike thuba ligobhoza njengale mvula yezibhakela ayebhaxabulwe ngazo nguNdumiso.	

[Isahluko sesi-5: Ikhasi 82–84]

- 7.1 Yimuphi umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguNdumiso. (2)
- 7.2 Nikeza umyalezo otholakala kulesi siqeshana. Bhakisa impendulo yakho kumlingiswa onguXolani. (2)
- 7.3 Chaza kafushane ukuthi uLungile uvezwe njengomlingiswa onjani kulesi siqeshana. (3)
- 7.4 Nikeza okufanayo phakathi kothando lukaNomalanga kuNgidi kanye nothando lukaNontobeko kuMhlengi. (3)
- 7.5 Iyini inhloso yombhali yokukhetha isizinda sasemakhaya okuwumuzi kaNgidi eGcilima? Sekela impendulo yakho. (2)
- 7.6 Chaza isizathu sokuthi uNomthi ashaye uZakithi ngenkathi efika endlini kaSbu. (2)
- 7.7 Isinqumo sikaMhlengi sokuguqula ubulili saba namuphi umphumela, kuNgidi nakuNontobeko kanye nasempilweni yakhe uqobo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA kumlingiswa ngamunye. (3)
- 7.8 Ngabe ukusetshenziswa komlingiswa onguNkululeko kuyithuthukise kanjani indikimba yethemba kule noveli? Sekela impendulo yakho. (3)
- 7.9 Uyavumelana yini nombono wokuthi ukuba khona komlingiswa onguMahlengi empilweni kaXolani kuguqule isimo senhlalo sakwaMpanza? Sekela impendulo yakho. (2)
- 7.10 Xoxa ngempumelelo yombhali yokwethula isingeniso kule noveli. (3)

**[25]**



**UMBUZO 8: UMBUZO OMUDE****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekwethuleni isizinda senoveli ethi: *Usumenyezwe-ke Umcebo*.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

**[25]****UMBUZO 9: UMBUZO OMFUSHANE****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA B**

Ephephandabeni lwangoLwesine ekuseni waphuma umbiko uhambisana nezithombe ngoMbhishobhu oNgcwele uChule enweshulwa yizinja. Nakuba waba ngelikhulu igidigidi lehlaya kwabaningi, kepha abanye bebandla ayewumshumayeli kulo bawotha ubomvu. Indaba yasha kakhulu ngeSonto ekuseni, khona emagcekeni esonto eMlazi. Ingakakhali insimbi bahlanganisa amakhanda abashumayeli bevutha bhe. Yebo babevutha abanye, kodwa hhayi njengoMasondo noLuthuli, uXaba noNdaba noMdunge. Babesigxeka isenzo sikaChule, beshoshozela ukuba ajeziswe ngokunqunywa ekushumayeleni. 5

'Lo muntu uyingozi enkulu lapha ebandleni. Leli phekulazikhuni lihlezi nje lihlose ukuqembula ibandla ukuze liyovula elalo. Uma siphetha inkonzo namuhla akuxoshwe izingane, lithethwe yibandla lonke icala lakhe, achaze ngala manga aluhlaza okuthi uwumbhishobhi.' 10

'Yizwi lelo,' bevumelana.

'Akuphakanyiswe kumfundisi ophethe ukuthi akehliswe esikhundleni, emukwe naleli jazi awakana ngalo,' kuvevezela amadevu kuMadlanduna. 15

Insimbi yesonto yanqenqetha, wayibamba intshumayelo uMadlanduna owayekhuluma kunyakama ubuso, ebila, elokhu ethi ngenhliziyo Chule uyangena, uyangena, do. Ekuphethweni kwenkonzo izingane zaxoshwa, udaba lwadingidwa. Bavumelana ngokuba ngeSonto elilandelayo kucelwe umfundisi ukuba abekhona, noChule azoziphendulela. 20

Laqala-ke isonto nezakhe uChule owayeqedelwa nayisithombe sephephandaba ejanduza phansi eshikashikwa yizinja. Isamudla indaba, ezivalele ehhovisi esitolo, wakashelwa womunye wabazalwane owayethi akacele kuye ngeminyaka, uMnu. Sayimoni Gubhela. UGubhela wayekhona ngesikhathi ibandla libhoka likhahlela ngendaba yaseThusini, nokho yena ewuhlabe inhlali. Wamkhinikela ukusuka nokuhlala ngogobe ayeboshelwe lona, nokuthi obhongoza wobani nobani. Wadalula nokuthi njengoba uhlelo lwalukhomba ukuthi uyena uChule owayezoshumayela ngesonto elalilandela, umbimbi lwalubophe ukungahlabeleli lungenakuguqa nalapho esethi makuthandazwe. UGubhela owabongwa ngebhodlela lebhrendi wamshiya uChule ehlezi elusizana ebambelele esihlathini. Side isikhathi asihlala kanje edla amathambo ekhanda. Ekugcineni walinikina, wasukuma ehleka yedwa. Kusukela ngaleso sikhathi imoto emnyama ayibange isaphunyuzwa. Yashaya phansi phezulu. UChule esehamba noSithole bezivivinyela ukuchitha imicibisholo yoMasondo. 30

Ngamunye ngamunye ubhongoza uChule wamthinta kusihlwa ngocingo. Waqala ngoMasondo, wazishaya izinombolo kwakhala kwakhe. 'Nqol' emasondosondo!' 35

Babingelelana kuzwakala ukuthi uMasondo akazimisele ukukhuluma naye. 'Uxolo kancane nje Masondo, ngithi ake sithi ukuhleba mzalwane ngokuhlwa nje.'

'Hhayi Chule,' Enikina ikhanda ngale, 'Awahlebi amakholwa. Ukhulumelani nami ngingedwa ibandla likhona?'

'Kanti kuyaye kube kuhle mzalwane uma amadoda engundaza ezawo zangasese ngasese kungaze kuzwe omame. Ake sihlebe-ke Sondo elihle. Mhlawumbe lokhu engizokusho kuyihlazwana okungebe kuhle uma elizwa umama,' ekhulumela phansi. 40

'Mina ngithanda izinto sizenze ngesizotha, sihlonipheke, sizihloniphe nathi. Akufanele sihlambalazane esidlangalaleni.'

[Isahluko se-10: Ikhasi 96–97]

- 9.1 Yimuphi umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqesishana? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguMasondo. (2)
- 9.2 Nikeza umyalezo otholakala kulesi siqeshana ubhekise kumlingiswa onguChule. Sekela impendulo yakho. (2)
- 9.3 Chaza kafushane ukuthi uSimoni Gubhela uvezwe njengomlingiswa onjani kulesi siqeshana. (3)
- 9.4 Nikeza okungumehluko phakathi komlingiswa onguMeyili nomlingiswa onguMaHadebe mayelana nokufuna kwabo umcebo kaNomvula. (3)
- 9.5 Iyini inhloso yombhali yokukhetha isizinda sasedolobheni eThusini? Sekela impendulo yakho. (2)
- 9.6 Chaza isizathu sokuthi umlingiswa onguGenyeza ashaye abantu bomshwalense, nabamafenisha ngenkathi befika emzini kaDicey. (2)
- 9.7 Isinqumo sikaChule sokuhlela ukubulala uNomvula saba namphumela muni, kuDaffo nakuNomvula kanye nasempilweni yakhe uqobo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA umlingiswa ngamunye. (3)
- 9.8 Ngabe ukusetshenziswa komlingiswa onguMahuzu kuyithuthukise kanjani indikimba yomcebo kule noveli? Sekela impendulo yakho. (3)
- 9.9 Uyavumelana yini nombono wokuthi umculo womlingiswa onguGenyeza wasiguqula isimo senhlalo sakwaChule? Sekela impendulo yakho. (2)
- 9.10 Xoxa ngempumelelo yombhali yokwethula isingeniso kule noveli. (3)

[25]

**UMBUZO 10: UMBUZO OMUDE****KUNJALO-KE – ME Wanda**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekwethuleni isizinda senoveli ethi: *Kunjalo-ke*.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

**[25]****UMBUZO 11: UMBUZO OMFUSHANE****KUNJALO-KE – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA C**

'Ngiyathemba ukuthi niwabonile amakhosikazi amathathu abelapha ehhovisi lami ekuseni ehamba nentombazane.' Bavume othisha.

'Lawo makhosikazi abeqhuba umfundi walapha osesiyekile isikole ngenxa yokuganga komunye wozakwenu. Umfundi lowo uthi kanti wakhuleliswa uthisha uMoloi. Ngenxa yokungatholakali kwakhe uthisha ukuba aziphendulele, omame laba sebeze baphoqeka ukuyobika kwabomthetho. Ngakube ukhona phakathi kwenu obe nolwazi lokuthandana kukathisha uMoloi nomfundi?' UMemu Mpungose waphakamisa isandla. UThishanhloko wamgunyaza ukuba akhulume.

5

'Thishomkhulu, besinalo ulwazi lokuthandana kukathisha uMoloi noDumazile. Ngiyethemba ukuthi uthishomkhulu uzokhumbula ngenkathi sifika lapha ehhovisi sinoMisi Hlophe sihamba naye uDumazile.' Avume uthishanhloko.

10

'Thishomkhulu, asithandanga thina ukugeqa amagula singemuki. Esabona kubalulekile nje kwakuwukuzinquma amakhanda sizishiye. Ukungena shi ezindabeni zabantu thishomkhulu kuyahlupha. Ugcina nawe sekuthiwa fakaza ngokukhulelisana kwabo kade ungekho ngenkathi begila leyo mikhuba. Lokho-ke kuyinto ebucayi kabi futhi nengathandeki ukufakaza ngayo. Kwakungelula-ke ukuba kube yithina esasizosho ukuthi nguMoloi owakhulelisa uDumazile. Ngiyabonga.'

15

Wathula kancane uthishomkhulu. Wathatha wathi:

'Nokho ngiyabonga bothisha ngokuqaphela kwenu nakwazi ukubona izambane elibolile esakeni. Ngiyathemba ukuthi nami ngathatha isinqumo esifanele sokuba ngilikhiphe izambane elibolile esakeni lingaze libolise amanye. Lesi kwakungesona nje isinqumo sami sakoMzobe, kodwa kwakuyisinqumo esathathwa ngabazali behlangene emhlanganweni ngonyaka odlulile. Amaminithi alowo mhlango nginawo akhona. Isinqumo sabazali ngisihlonipha kakhulu. Lesi sinqumo bafinyelela kusona kunzima kakhulu, isikole sisehlazweni elinyanyisayo. Ngiyathemba nisakhumbula bothisha ukuthi kwakwenzekeni.' Bavume othisha. UThishanhloko waqhuba wathi:

20

25

'Ngithanda ukuninika izwi eliyisexwayiso bothisha. Uma abazali belethe izingane zabo lapha esikoleni, basuke bezilethele ukuba zizoqeqeshwa ngokwemfundo, hhayi imikhuba.

Thina singabazali lapha esikoleni. Akukhathaleki noma ubukeka uyingane kangakanani ngenxa yokushesha kwakho ukungena esikoleni, iqiniso wukuthi umi endaweni yomzali. Yiba ngumzali-ke thisha. Umzali wangempela uyayinakekela futhi ayithande ingane yakhe. Uyithanda ngothando lobuzali. Uyayikhulisa, ayikhombise indlela enhle ebheke ebudaleni.' 30

Athi ukuthula kancane uthishanhloko esafuna ukubona ukuthi le nto ayishoyo iyayithola yini indawo. Kubonakale abanye othisha besilisa begwajaza sakukhophoza. Aqhubeke futhi uthishanhloko: 35

'Umphakathi ulindele ukuba senze umsebenzi wokufundisa abantwana babo ukuze babe ngabaholi abaqotho bakusasa. Thina kufanele siziphathe kahle, sibe yisibonelo esihle kubantwana. Uthisha uMoloi akakwazanga ukusimela kahle njengothisha esikoleni. Mina, njengothishanhloko wakulesi sikole ngiyaphoqeka ukuba lolu daba ngilubikele amalunga omkhandlu owengamele isikole. Sekuyiwona-ke ayokhipha umhlahlandlela. Ngiyabonga, seningakhululeka.' Basukume othisha baphumele phandle. 40

[Isahluko sesi-3: Ikhasi 48–50]

- 11.1 Yimuphi umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguThishanhloko. (2)
- 11.2 Nikeza umyalezo otholakala kulesi siqeshana. Sekela impendulo ngokubhekisa kumlingiswa onguMoloi okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana. (2)
- 11.3 Chaza kafushane ukuthi umlingiswa onguMemu Mpungose uvezwe njengomlingiswa onjani kulesi siqeshana. (3)
- 11.4 Nikeza okufanayo phakathi kothando lukaSithole noDumazile kanye nothando lukaMtalaselwa noDumazile. (3)
- 11.5 Iyini inhloso yombhali yokukhetha isizinda sasemakhaya eMzimkhulu emzini kaKheswa? Sekela impendulo yakho. (2)
- 11.6 Chaza isizathu sokuthi uSithole ashaye uMoloi ngenkathi evakashele emzini kaDumazile. (2)
- 11.7 Isinqumo sikaDumazile sokududana noMthovovo ngobugebengu ababenza saba namuphi umphumela kuMthovovo nasempilweni kaSithole kanye nasempilweni yakhe uDumazile uqobo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA ngomlingiswa ngamunye. (3)
- 11.8 Ngabe ukusetshenziswa komlingiswa onguSithole kuyithuthukise kanjani indikimba yesimilo kule noveli? Sekela impendulo yakho. (3)
- 11.9 Uyavumelana yini nombono wokuthi umlingiswa onguLizy usiguqulile isimo senhlalo sakwaSithole? Sekela impendulo yakho. (2)
- 11.10 Xoxa ngempumelelo yombhali yokwethula isingeniso kule noveli. (3)

[25]

**UMBUZO 12: UMBUZO OMUDE****IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekwethuleni isizinda senoveli ethi: *Impi Yabomdabu Isethunjini*.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

**[25]****UMBUZO 13: UMBUZO OMFUSHANE****IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA D**

'Kwakubi ukuthi wena awumazi uFarook Vijay Moonsamy ngoba yena ukwazi kahle. Nguye owakuthengisela lama-LA Gear othi wena wawaphiwa ngumngani wakho.'	
'Unamanga. Akazange angithengisele ama-LA Gear mina u-Farook. Lingangidakelwa mina leli Ndiya. Mina ngizoxabana nalo uma lihamba lisukela abantu,' kusho u-Euthenesia ngezwi elinokubhonga liphelezela ngukufutheka nokujuluka. Ukufaka isandla sakhe sobunxele ngaphansi kwehembe ezibeleni kwamenza wabukeka santandane edinga ukuvikelwa.	5
Wanyomula ilisidi uNgubane walinika unina wathi, 'Nanti ilisidi athenga ngalo ama-LA Gear u-Euthenesia. Yisandla sakhe lesi esasayina laphaya phansi. Lokhu ngubufakazi obugcwele bokuthi u-Euthy udlala ngathi wazithenga leziya zicathulo. Akaziphawanga.'	10
Ekubona lokhu uMaMthimkhulu wasukuma wasondela ku-Euthenesia esethukuthele wathi, 'Yini ungenze isilima Euthy? Kanti lezi zimpahla ohlale uthi waziphilwa wazithenga? Yini lena ongenza yona Euthy?'	
'Khona ngaziphilwa lezi zimpahla. USusan wangipha imali ngase ngithenga lezi zimpahla ngaleyo mali. Nguye owathi ungipha le mali ukuba ngithenge lezi zimpahla.'	15
'Kulungile mangimfonele ngizwe ukuthi wakunika malini, wakunikelani loSusan le mali engaka,' kusho uMaMthimkhulu ethatha ibhuku lakhe lezinombolo zocingo. Wathi lapho eluphakamisa ucingo wamkhuza uNgubane wathi, 'Ngizocela ukuba ungamshayeli uSusan. Usengaphuma u-Euthenesia. Ngizokutshela ukuthi le mali ivelaphi. Nezimpahla lezi ebengikhuluma ngazo azithengile u-Euthy nginamaphepha azo. Ngibona sengathi singaxoxa kangcono sisodwa ingekho le ngane lapha.'	20
'Awu yaze yasihlaza ingane. Kanti izingane zinjani? Mina angisazi ukuba ngingasazi uma kunje Ngubane. Kanti umuntu angaze enzeni ezinganeni ukuba zaneliswe? Kulungile makahambe ayofunda khona uzongitshela ukuthi kanti kwenzekani emzini wami. Ngathi ngibhula lokhu kwaqhamuka lokhu. Hamba. Hamba uyofunda, sokubiza futhi ukuba uzochaza uma kukhona okuvelayo.'	25
Esephumile u-Euthenesia, babhekana oNgubane kwasekuqala uMaMthimkhulu wathi, 'Kanti kwenzekani Ngubane. Kwangathi sengiyadideka nje?'	
'Kubi mkami, kubi. U-Euthenesia useyiqedile imali kaMaXakushe. Nawa amaphepha akhombisa izingubo ezidlulile ku-R3 000,00 aphezu kokuzithenga. Nami angazi ukuthi malini ayitshontshile, kodwa kuyacaca ukuthi sekuphele iminyaka emine u-Euthy edamane ekhwabanisa imali kaMaXakushe. Uma nami ngibheka emuva, ngingathi u-Euthy waqala kudala cishe eminyakeni emine edlule ukuba ngumuntu osephiwa izingubo ngamantombazane athile.	30
	35

'Sekuyacaca ukuthi la mantombazane akhuluma ngawo nguMaXakushe.'  
 'Angiyikholwa le nto. Angathini u-*Euthy* ukuthi azi ukuthi ugogo uMaxakushe uthwele kanzima bese emephuca lokho okuncane anakho? Angiboni nje ukuthi uyithola kanjani le mali kaMaxakushe u-*Euthy*.'

[Isahluko sesi-8: Ikhasi 124–125]

- 13.1 Yimuphi umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa ongu-*Euthenasia*. (2)
- 13.2 Nikeza umyalezo otholakala kulesi siqeshana. Sekela impendulo ngokubhekisa kumlingiswa ongu-*Euthenasia*. (2)
- 13.3 Chaza kafushane ukuthi umlingiswa onguNgubane uvezwe njengomlingiswa onjani kulesi siqeshana. (3)
- 13.4 Nikeza okungumehluko phakathi kukaBafana noCele mayelana nobudlelwano babo nomndenani waseMpaphala. (3)
- 13.5 Iyini inhloso yombhali yokukhetha isizinda saselokishini emzini kaBafana oseMlazi? Sekela impendulo yakho. (2)
- 13.6 Chaza isizathu sokuthi uKhanjana ashaye u-Uzithelile ngenkathi ephuma ediphini. (2)
- 13.7 Isinqumo sikaMaMthimkhulu sokuthengela izingane imoto saba namphumela muni empilweni kaBafana kanye nekaMelody nasempilweni yakhe uqobo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA ngomlingiswa ngamunye. (3)
- 13.8 Ngabe ukusetshenziswa komlingiswa onguHlanganisani kuyithuthukise kanjani indikimba yobuntu kule noveli? Sekela impendulo yakho. (3)
- 13.9 Uyavumelana nombono wokuthi umlingiswa ongu-Uzithelile uyasiguqula isimo senhlalo saseMpaphala? Sekela impendulo yakho. (2)
- 13.10 Xoxa ngempumelelo yombhali yokwethula isingeniso kule noveli. (3)

**[25]**

### NOMA

**UBUCIKO BOMLOMO: UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba**

Phendula umbuzo OWODWA.

**UMBUZO 14: UMBUZO OMUDE**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekwethuleni isizinda salobu buciko bomlomo obulandelayo: Inganekwane: 'Isibindi SikaGala KaNodade', Izibongo: 'Izibongo ZeSilo UDinizulu.'

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390 sekuhlangene impendulo yenganekwane nezibongo. [25]

**UMBUZO 15: UMBUZO OMFUSHANE****INGANEKWANE: 'INKOSI YEZINYONI'**

Fundisisa lesi siqeshana senganekwane bese uphendula imibuzo elandelayo ngezansi.

**ISIQESHANA E**

'Singeke sabuswa yiqili thina! Simbonile ungcède ekhosele ekhwapheni lokhozi ngesikhathi kundizwa. Kungangcono singabi nayo inkosi,' yakhononda impangele. Okumangalisayo ukuthi ukhozi aluzwanga ukuthi ungcède ekhosele ekhwapheni lwalo ngesikhathi kundizwa. Lwathukuthela lwagana unwabu ukhozi ngoba luphucwe ubukhosi ngenxa yobuqili bukangcède. 5

Kwasuka isixakaxaka, umona wama ngezinyawo eqoleni. Nalo belisigaqele lesi sikhundla. Iqola lafuna ukubamba ungcède ngezandla limbulale ngokumhloma emeveni kuphele kanjalo. Wabaleka ungcède waze wagulukudela emgodini wemvukuzane waduka phakathi. Wahlula ngisho noma izilwane sezihlangene ziphanda umgodi, lutho ukuba zimthole. Lasuka lapho iqola ukuzonda ungcède. Liyezwakala nanamuhla lisaqhubeka nokumsongela ngokufa lithi, 'Shik! Shik! Shik! Ngcède! Ngcède! Kusasa ekuseni, kusasa ekuseni, ngizokuhloma emeveni!' Namuhla iqola limbulala kabuhlungu ungcède, limbulala ngokumchoma emeveni lize limudle ngisho esebolile. 10

Izinyoni zaqasha isikhova ukuthi sigade umgodi okwakungene kuwona ungcède. Isikhova kwakumele sigade lesi sikhohlakali esingungcède ukuze singaphumi emgodini. Sajamela umgodi isikhova sagcina ngokuzumeka salala. Waphuma ungcède wabaleka iphoyisa lisathathe isihlwathi. Wabonakala ungcède esehamba ngokukhululeka yize kungaziwa ukuthi uphunyuke kanjani ephoyiseni eliyisikhova. 15

[Ikhasi 27–28]

- 15.1 Yimuphi umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa oyimpangele. (2)
- 15.2 Nikeza umyalezo otholakala kulesi siqeshana. Sekela impendulo yakho ngokubhekisa kumlingiswa ongungcède. (2)

- 15.3 Isenzo sikaMdali simveza njengomlingiswa onjani kule nganekwane? Sekela impendulo yakho. (3)
- 15.4 Iyini inhloso yombhali yokusebenzisa isulubezi kule nganekwane? (2)
- 15.5 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni yezinyoni ukuba zagcina ziphethwe ungedede? (2)
- 15.6 Uyavumelana yini nombono wokuthi umlingiswa oyidada udale ilukuluku kubafundi bale nganekwane? Sekela impendulo yakho. (2)
- 15.7 Uyazwelana nomlingiswa oyisikhova kule nganekwane? Sekela impendulo yakho. (3)

### KANYE

Fundisisa lezi zibongo kanye neminye imibhalo yobuciko bomlomo elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

#### IZIBONGO: USUKU LWAMAGUGU

- 1 Ngivumele ngisine ngosiko lwakithi,
- 2 Ngivumele ngigiye ngokugiya engikwaziyo,
- 3 Ngivumele ngihlobe ngengizigqaja ngakho,
- 4 Ngizibonakalise ukuthi mina ngingubani.
- 5 Noma sengaveteza nje
- 6 Kodwa akubona ubunjalo bami,
- 7 Ngubani owakutshela okungesikho ngami?
- 8 Engehlisa izinga ngamamodeli?
- 9 Ngibe ngizazi kahle
- 10 Ngingadinge kubalelwa amamodeli.
- 11 Mhlanganisi owehlukhanise abantu
- 12 Baveza ubunjalo babo.
- 13 UmZulu waba ngumZulu ngemvunulo,
- 14 INdiya kwaba yiNdiya ngemisubelo,
- 15 IBhunu kwaba yiBhunu ngokhakhi balo,
- 16 UmXhosa waba ngumXhosa ngobuhlalu,
- 17 Isizwe saba sinye ngokwehlukana.
- 18 Nkosi vikela i-Afrika eseNingizimu.
- 19 Mkhululi okhulule asebekhululekile,
- 20 Mhlanganisi ohlanganise izinhlanga,
- 21 Mandulo ngokwandulela izinyanga,
- 22 Lukufanel' olwamagugu ayizolo nakuthangi,
- 23 Lukufanel' olokuhlonza amagugu,
- 24 Sihlangane ngamagugu ahlukene,
- 25 Sibe munye ebuningini bethu.

[Ikhasi 138–139]

- 15.8 Tomula ukuxhumana okutholakala ebinzeni loku-1 kulezi zibongo bese usho nohlobo lwakho. (2)



- 15.9 Fingqa ngamaphuzu AMABILI umqondo oqukethwe ibinza lesithathu kulezi zibongo. (2)
- 15.10 Qhathanisa indikimba etholakala ekuqaleni kwenganekwane engenhla ethi, 'Inkosi Yezinyoni' kanye nebinza lesibili ezibongweni Usuku Lwamagugu. (3)

**IHUBO: UDLILE WETHU**

**Induna:** Udlile Wethu?  
**Ibutho:** Ngidlile Wethu!  
**Induna:** Udlile wethu?  
**Ibutho:** Hhiya Zulu ngidlile wethu,  
**Induna:** Udlile na?  
**Ibutho:** Hhiya Zulu ngidlile wethu.

[Ikhasi 156]

- 15.11 Chaza kafushane isigameko esasingaholela ekutheni ungedede ahube ihubo elingenhla. (2)  
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

**ISIQEPHU C: UMDLALO**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 16: UMBUZO OMUDE****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Ake uncome ikhono lombhali ekusebenziseni udweshu ukuthuthukisa indaba yakhe emdlalweni othi: *Kudela Owaziyo*.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

**[25]****UMBUZO 17: UMBUZO OMFUSHANE****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA F**

CHIVENGA:	<i>(Wethukile, useqwebule amehlo)</i> Hawu! Yehheni webantu! Yini kodwa lena engiyizwayo madoda?	
HLENGIWE:	Kuthiwa-ke lo mkhonyovu uvele emveni kwezikhalo eziqhamuke kwizakhamizi zakuleli ikakhulukazi okungabantu besifazane lapho kuye kubuye amapasi abo esekhomba ukuthi bashadile kuleso sibongo esisuke sesivela kulelo nalelo pasi labo, nokuye kuthi uma sebezuzwa ngalokho kumbe bebika ngakho balandule kulanduleke ukuthi bashadile kumbe-ke ukuthi bukhona ubudlelwane nolwazi abanalo yini ngomaqondana babo balezo zibongo ezintsha ezisuke sezivela emapasini abo. Ezibikwa ngabemisakazo nabamathelevishini zithi lolu phenyo lusezandleni zabaseshi bophiko lofezela.	5 10
CHIVENGA:	<i>(Wethukile, useqwebule amehlo)</i> Wo hhe! Angena amanzi endlini. Safa olwembiza-ke thina makwerekwere ansondo.	
HLENGIWE:	<i>(Umangele)</i> Hhayi bo! Washabasheka kangaka nje wena dali wami, ngabe udliwa isazelo yini nawe maqondana nalo mkhonyovu obikwayo?	15
CHIVENGA:	<i>(Uyangingiza)</i> Cha-cha –aku-njalo mayi-thu-lulu!	
HLENGIWE:	<i>(Umangele)</i> Pho-ke yini sengathi uyakuzwela nje ukuhangulwa yilangabi lomlilo osha kude nawe?	20
CHIVENGA:	<i>(Uhleka engahleki)</i> Wo hhiya, ukuthi ngimzwela ubuhlungu mina lowo mfokazi onukeka kulowo mkhonyovu, yize ngingamazi. Okwenza ngimdabukele wukuthi phela ngeke aze adabule ngempela emacaleni enkohlakalo nawokugwazisa afana nalana ikakhulukazi njengoba kungofezela nje laba abajutshwe ukuyotinyela.	25
HLENGIWE:	<i>(Uhleka kancane)</i> Uyazi ukuthini? Nami futhi ngisazoke ngilulandelisise kabanzi lolu daba lwepasi lami eliqhamuke seliveza ukuthi mina nawe Chivenga sishadile. Ngibona sengathi mkhulu ugcobho okhona lapha kulo ... <i>(aphazamiseke)</i> .	

CHIVENGA:	<i>(Wexwayile)</i> Hhayi bo! Ungayenzi leyo nto wena mayifohloza bo! Kanti wawungiqomelani pho uma kuya ngoba ungasithandi isibongo sakithi sivele epasini lakho?	30
HLENGIWE:	Wukuthi ngiyathanda nje mina ukuhlala eqinisweni. <b>Uma kuya ngoba likhona iqiniso olibalekelayo kumbe ongigodlele lona ngoba ulazi maqondana naleli pasi, kushile kuwena sithandwa sami.</b> Uyasha ngempela lo mkhukhu ongikhoselise kuwo.	35
CHIVENGA:	<i>(Ngezwi elisheshayo elinokwethuka)</i> Hhayi-ke bengicela usale sewunginika ithuba lokuba ngiphume lapha esibhedlela maqedane ngithume abakhongi baqhube izinkomo zelobolo baziphuthumise kini mntakwethu. Lingakashoni nje nalelo langa sibe sesiyohlanganisa ifindo lomshado wethu ematshini eseduze. Sekuyothi-ke uma ngabe usafisa ukuyophenyisisa ngalelo pasi lakho sibe sesedlule thina kuleyo micikilisho esengiyibalile.	40
HLENGIWE:	<i>(Uhleka kakhulu)</i> Kukhona okunuka santungwana lapha ekhaya. Yini ukukhuluma kwakho kanye nokubalekelana kwamehlo ethu kungakhele omunye umfanekiso wokukubuka njengomuntu ongathembekile nje wena sithandwa?	45
CHIVENGA:	<i>(Wexwayile)</i> Uma kuya ngoba usazishaya isifuba wena Mahlengi swidi lami lomkhuhlane kwelokuthi usangithanda ngenhliziyo yakho yonke, ngicela ukhohlwe nje yilowo msangano wakho, ungabe usayingena eyokulandelisisa eyesibongo sami lesi esivela epasini lakho.	50

[Inkundla Yesi-5, Isigcawu sesi-2, Ikhasi 98–101]

- 17.1 Nikeza ithoni etholakala enkulumeni yomlingiswa onguChivenga ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)
- 17.2 Shono umsebenzi womlandi otholakala kulesi siqeshana. Sekela ngokubhekisa kumlingiswa onguHlengiwe. (2)
- 17.3 Nikeza okungumehluko phakathi komlingiswa onguManqina nomlingiswa onguMbhebezeli mayelana nobudlelwano abanabo noMdaluli. (3)
- 17.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU udweshu lwangaphandle oluphakathi komlingiswa onguMaMlanduli noMdaluli. (3)
- 17.5 Iyini inhloso yokusetshenziswa kwabalingiswa oKhonzephi, uNenelezi noLondiwe kulo mdlalo? (2)
- 17.6 Chaza isigameko esifihlelwe umlingiswa onguLondiwe ngenkathi uMdaluli exolisa esesitokisini. (2)
- 17.7 Chaza ukuthi lesi siqeshana siyigqamisa kanjani indikimba yalo mdlalo. (3)
- 17.8 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile akhulunywa nguHlengiwe amveze njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (3)
- 17.9 Ngokucabanga kwakho yisiphi isisombululo esingagwema umkhonyovu wokushadiswa kwabantu bengazi? Sekela impendulo yakho. (2)
- 17.10 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekudluliseni umyalezo kulo mdlalo. (3)

**[25]**

**UMBUZO 18: UMBUZO OMUDE****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

Ake uncome ikhono lombhali ekusebenziseni udweshu ukuthuthukisa indaba yakhe emdlalweni othi: *Awuwelwa Umngeni*.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

**[25]****UMBUZO 19: UMBUZO OMFUSHANE****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA G**

SIKHOVA:	Wayibikela iNkosi konke lokho?	
SALIMANI:	<i>(Wamkhuza, wamthulisa ngokumhebeza ngesandla uSikhova)</i> Qhuba Mphiliphili ngilalele.	
MPHILIPHILI:	Kuhle ngivume futhi Nkosi yami ukuthi sihlangu naye eMgungundlovu nje uMgqabula wayesanda kuthumela indlezane enethole elixhofuzayo wathi uyangisisela ukuba ngikleze.	5
NOMEHLO:	Yehheni!	
SALIMANI:	Qhuba ngilalele Mphiliphili.	
MPHILIPHILI:	Nami-ke Nkosi yonke le nto yamane yangesinda ukuthi konje laba bantu abangondlela izingane zami ngizobalahla ngithini.	10
MCONDO:	Yekanini imihlola!	
MPHILIPHILI:	Ngiyema lapho, Ngwazi! <i>(Ephakamisa izandla zombili ekhuleka)</i>	
SALIMANI:	Ungake uchaze yini ukuthi ngokwazi kwakho bahloseni ngalokhu oSomtsewu noMgqabula abathi balekelele kukhona?	
MPHILIPHILI:	<i>(Ashaye isikhwehlela)</i> Phinde Nkosi, angazisisi kahle. Engikusolayo nje okuncane ukuthi uHulumeni uhlose ukuqeda amandla eNkosi yami lena engivuma kuyona amacala ami, bese ekhweza abelungu phezu kwayo.	15
MCANJANA:	Niyangizwisa nje!	
BONKE:	Hhawu!	20
MBONGOLO:	Yeka imikhuba yabelungu ukudlala!	
SALIMANI:	Bathi bafuna ukubakhwezelani abelungu phezu kwami?	
MPHILIPHILI:	Nanxa ngingazisisi kahle kodwa kuthiwa uMgqabula kubona uyasebenziseka futhi ikhanda lakhe libukhuni. Ngakho-ke uzoyithambisa iNkosi yami. Bathi futhi ukungakhohlwa kweNkosi yami yisemuva layo, ngisho-ke ubukhosi bayo beNkosi uDinuzulu kuyamcasula uHulumeni.	25
GUNDANE:	Ukuba izwe lethu leli aselaphathwa yimithetho yabelungu wena Mphiliphili ubufanele ukujojwa, noma okukanye ugqinyuzwe ngewisa udliwe yizinyoni zezulu. Uthule namanyala ozungu olungaka?	30
SALIMANI:	Kahle mfowethu. <i>(Ukhuza uGundane)</i> Ngokuthukusa kwakho yonke le nto efuna ukusobozela umbuso wami nezwe likaBaba uyabona yini manje ukuthi usesiphosisweni esikhulu?	
MPHILIPHILI:	Ngibona kahle wena kaMashwilansimbi. Yingakho nje ngithi angizidele amathambo ngikhiphe yonke ingonyuluka.	35

ABAFOWABO:	<i>(Bayaphangelana bafuna ukuzitika ngemilomo kuye uMphiliphili)</i>	
SALIMANI:	<i>(Uyabakhuza) Uma usuyikhiphile? (Ebhekisa kuMphiliphili) Uma usuyikhiphile ingonyuluka?</i>	
MPHILIPHILI:	Ngizithayizele eNkosini yami ngemukele noma hlobo lumi lwesigwebo engakhetha ukuba inginike sona.	40
SIKHOVA:	Uyazi ukuthi wena Mphiliphili uyinhloli? Uhlolola abezizwe.	
SALIMANI:	Kahleni!	
NODWENGU:	Uyazi ukuthi lingakafi izwe inhloli yayihlawula ngani kwaZulu?	
SALIMANI:	<i>(Akhuze futhi) Angithi usazimisele ukuqhubeka nomsebenzi wakho wobunhloli?</i>	45
MPHILIPHILI:	Phinde Ngwazi. Noma izingane zami sezingalamba kuze kukhale opopopo akuselutho.	
BONKE:	<i>(Bahlekele phansi)</i>	
SALIMANI:	Ngalesi senzo sakho ngikuhlulawulisa izinkabi ezintathu.	
NOMEHLO:	<b>Hhayi ezinhlanu Nowelamuva wawo Somtsewu?</b>	50
SALIMANI:	Lezo nkomo-ke ngifuna zilale lapha kusasa lokhu okusayo. Ngifuna zingene emhlambini oyohlatshelwa imbizo kusasa. Kuke kwezakala nje umoyana wokuxhumana kwakho nalaba abakhokhobela izwe likaBaba nango wena nampo abantu bami ofuna ukubadayisa. <i>(Emgqolozela engasathi cwayi.)</i>	55
MPHILIPHILI:	<i>(Wayiphendula eyiphendulile imilenze ehlala phezu kwalona abuya ahlale phezu kwalona. Wayesezishobingele waze wamanzi te.)</i> Ngwazi! Elokufa alitsheli.	
ABAFOWABO:	<i>(Basukume bakhuleke bahambe)</i>	

[Inkundla Yesi-2, Isigcawu-Sesi-3, Ikhasi 51–54]

- 19.1 Nikeza ithoni etholakala enkulumeni yomlingiswa onguNomehlo ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)
- 19.2 Shono umsebenzi womlandi otholakale kulesi siqeshana. Sekela ngokubhekisa kumlingiswa onguSalimani. (2)
- 19.3 Nikeza okungumehluko phakathi komlingiswa onguZithulele noMandiza mayelana nokuqulwa kwecala leNkosi uSalimani. (3)
- 19.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU udweshu lwangaphandle oluphakathi kwabantu basemapulazini nabantu bakaSalimani. (3)
- 19.5 Iyini inhloso yokusetshenziswa kwabalingiswa okungabafowabo bakaSalimani uMbongolo, uMcondo, uGundane, uMcanjana kulo mdlalo? (2)
- 19.6 Chaza isigameko esifihlelwe umlingiswa onguHulumeni nguSalimani esenzeka ngosuku lokuvota. (2)
- 19.7 Chaza ukuthi lesi siqeshana siyigqamise kanjani indikimba yalo mdlalo. (3)
- 19.8 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile akhulunywa nguNomehlo amveze njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (3)
- 19.9 Ngokucabanga kwakho yisiphi isisombululo ayengasisebenzisa umlingiswa onguZithulele ngaphandle kokutshela uSalimani ukuthi abantu mabawele uMngeni? Sekela impendulo yakho. (2)
- 19.10 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekudluliseni umyalezo kulo mdlalo. (3)

**[25]**

**UMBUZO 20: UMBUZO OMUDE****UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

Ake uncome ikhono lombhali ekusebenziseni udweshu ukuthuthukisa indaba yakhe emdlalweni othi: *Ubhuku Lwamanqe*.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. [25]

**UMBUZO 21: UMBUZO OMFUSHANE****UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA H**

THAMSANQA:	Uma ungafuni ukubona amehlo enyoka, hlukanana nomfana nonkosikazi wami kangikuceli ngiyakutshela isishimane sikaqwayilahle asihambe siyofuna engxenye.	
NKULULEKO:	Uyazikhohlisa silimandini. Uzogcina ukuhamba uhlomeka nje.	
THAMSANQA:	Uyadelela sichwensindini. ( <i>Ethukutheliswa ukubizwa ngesilima.</i> ) Athi uyamphuthuma kanti uNkululeko usekhiphe isibhamu. <i>Wasibona simgqolozele emehlweni kwabanda ikhala kuThamsanqa. Wahlehla. Sekusukume wonke umuntu endlini.</i>	5
NKULULEKO:	Ngizokuhlafuna ikhanjana leli ngenhlamvu. Lo muntu ombiza ngonkosikazi wakho kangazi ukuthi wayeboneni kulo mphuphe onjengawe? Engikushiya nalo ukuthi lo nkosikazi ngowami. Mina ngashada enkantolo nasesontweni nasi isitifiketi esisemthethweni. ( <i>Aphuthaze ebhantshini akhiphe isitifiketi nesithombe sakhe benoPhindisiwe mhla beshada esontweni asiphonse kuThamsanqa.</i> ) Leli pheshana lakho kalisho lutho. Akunamshado lapha. Benihlaliselene nje.	10 15
THAMSANQA:	( <i>Kuse ngokunye nxa ephinda ebona isithombe lapho beqabulana khona bephahlwe ngumfundisi. Asicoshe asibuke.</i> ) Kuyadlalwa phela lapha.	
NKULULEKO:	Usukhulumisa okwendoda-ke manje. Yimina engashada kuqala. Akusadingeke kuqophisana ngamagama impendulo usuyitholile, ngalokhu kuyilungelo lami ukukutshela ukuthi ngoba uyabonakala ukuthi uyisigwadi ngikwambulela yena, esengikufuna kuwena ngumfana wami uZiphozonke. Ngeke ngondlelwa ngenye indoda ngidla anhlamvana. Ngeke. ( <i>Athintithe nangezandla</i> ) Ngiyayazi-ke inkani kanti nomthetho unenkani futhi. ( <i>Ukhuluma kanjalo useyaphuma ngomnyango. Ulandelwa ngabangane bakhe uSikela kanye noMaqoma.</i> )	20 25
MATHONSI:	( <i>Khona emzini wakwaMathonsi.</i> ) ( <i>Ebuka indodana yakhe esilthuqasana nje.</i> ) Uzibonele-ke mfana wami lokho ebesikhuluma ngakho.	30

THAMSANQA:	Okungikhalisa kakhulu ukungabi khona kukaPhindisiwe. Bengifuna ukuzwa ukuthi lolu daba ubeyoluphendula athini ikakhulu indaba kaZiphozonke ngoba phela lo mlisa uyibhedlile.	
MAMHLONGO:	Phela ngenye indaba lena kaZiphozonke. Kwamina ingifocoza umbombo. Kangazi nokuthi ngingayiqala ngiyithini ukuyixoxa. Sekufanele uthathe isinqumo manje Thamsanqa. Konke kusezandleni zakho.	35
MATHONSI:	Ubukhona bukamakoti bekungeke kwasiguqula isimo sezinto. <b>Okwesibili bekufanele ulale phansi ungavumeli ukucinaniswa yigwebu lentukuthelo kuze kubhoboke ithumba.</b>	40
THAMSANQA:	Lolu daba aluluncane njengoba bengicabanga. Khona nginakho ukusolasola ukuthi kungenzeka lesi sitifiketi yilezi okuthiwa ziyathengwa. Kukhona into ayifunayo lo Nkululeko.	
MAMHLONGO:	Uma usenokungabaza ndodana kukuwe lokho. Umbuzo wami kuwena munye vo, uthini ngale nkulumo engiyitshelwe ngumkakho luqobo ukuthi savumelana ngingamoneli umuzi?	45
THAMSANQA:	Kangenziwa kanjena mina. Kufanele ngiqonde ngqo kwaMakhunga bangichazele kahle ngale nto, izinkomo zami ngifuna bazibeke la ( <i>Ekhomba intende yesandla sakhe sangasokunxele.</i> )	50
MAMHLONGO:	Baze bangamahumusha abantu madoda. Kusho khona ukuthi kwenziwa ibhizinisi?	
MATHONSI:	Ungasho uliphinde lelo mkami.	
THAMSANQA:	Kangazi noma yibhadi yini lokhu okungehlelayo noma yilesi sikhathi sobunzima obuke bufike kumuntu engazelele?	55

[Inkundla Yesi-3, Isigcawu Sesi-3, neSesi-4 Ikhasi 64–66]

- 21.1 Nikeza ithoni etholakala enkulumeni yomlingiswa onguThamsanqa ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)
- 21.2 Shono umsebenzi womlandi otholakale kulesi siqeshana. Sekela ngokubhekisa kumlingiswa onguNkululeko. (2)
- 21.3 Nikeza okungumehluko phakathi komlingiswa onguNkululeko nomlingiswa onguKholekile mayelana nobudlelwano abanabo noPhindisiwe. (3)
- 21.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU udweshu lwangaphandle oluphakathi komlingiswa onguMakhangelana noThamsanqa. (3)
- 21.5 Iyini inhloso yokusetshenziswa komlingiswa onguSikela noMaqoma kulo mdlalo? (2)
- 21.6 Chaza isigameko esifihlelwe umlingiswa onguThamsanqa ngosuku uPhindisiwe ayebamba ngalo ucingo emzini wabo. (2)
- 21.7 Chaza ukuthi lesi siqeshana siyigqamisa kanjani indikimba yalo mdlalo. (3)
- 21.8 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile akhulunywa nguMathonsi amveze njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (3)

- 21.9 Ngokucabanga kwakho yisiphi isisombululo ayengasisebenzisa umlingiswa onguPhindisiwe kunokukhokhela uNkululeko imali ngecala ayelenzile? Sekela impendulo yakho. (2)
- 21.10 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekudluliseni umyalezo kulo mdlalo. (3)  
[25]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**